Khumbula, Ungakhohlwa

iSABATHA EMINI

Funda Lokhu Kuleliviki: *Gen. 9:8–17; Dut. 4:32–39; Samb. 14:12; Dut. 4:9, 23; Dut. 6:7; Dut. 8:7–18; Efes. 2:8–13.*

Indimana Yekhanda: **“ ‘Khumbula, ungakhohlwa ukuthi wamthukuthelisa uJehova uNkulunkulu wakho ehlane; kusukela osukwini owaphuma ngalo ezweni laseGibithe waze wafika kule ndawo nanizinge nihlubuka kuJehova’ ”** *(Duteronomi 9:7, NKJV)***.**

Amagama amabili aqhamuka kulo lonke iBhayibheli: *Khumbula no khohlwa*. Omabili abhekisa kokuthile kwabantu, okuthile okwenzeka ezingqondweni zethu. Omabili ayizenzo, futhi ayaphikisana: ukukhumbula kungukungakhohlwa, futhi ukukhohlwa kungukungakhumbuli.

UNkulunkulu uvama ukutshela abantu Bakhe ukuba bakhumbule zonke izinto abanzele zona; bakhumbule umusa Wakhe ngakubo kanye nokulunga Kwakhe ngakubo. Okuningi kwiTestamente Elidala kuqukethe abaprofethi betshela abantu, AmaHeberu, ukuba angakhohlwa yilokho uJehovah ayebenzele kona. Kodwa, futhi, okubaluleke kunakho konke, kwakungamele bakhohlwe ngukuthi ubizo lwabo kuYena lwaluyini nokuthi kwakumele babengabantu abanjani ekusabeleni kulolobizo. “Ngiyakukhumbula izenzo zikaJehova, yebo, ngikhumbule izimangaliso zasendulo” *(Hub. 77:11, NKJV)*.

Ngabe kwehlukile yini kithina namuhla, ezingeni lebandla, futhi, ikakhulu, ezingena lomuntu ngamunye na? Kulula kakhulu ukukhohlwa yilokho uNkulunkulu asenzele kona.

Kuleliviki, njengalokhu kwethulwe KuDuteronomi, sizobuka kulesisimiso esisemqoka, leso sokukhumbula futhi singakhohlwa ngukungenelela kukaNkulunkulu ezimpilweni zethu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha, December 4.*

Ukukhumbula Uthingo Lwenkosazana

Isikhathi sokuqala igama "Khumbula" eliqhamuka ngaso eBhayibhelini kukuGenesisi 9, lapho—ngemuva kukaZamcolo—uJehovah atshela khona uNowa ukuthi Yena uyobeka Uthingo lwenkosazana emkhathini njengophawu lwesivumelwano Sakhe nomhlaba wonke, sokuthi akasayikuphinde abhubhise wonke umhlaba ngozamcolo.

Funda: uGenesisi 9:8-17. Igama "Khumbula" lisetshenziswe kanjani lapha, futhi yini esingayifunda ngendlela okumele sikhumbule ngayo lokho uNkulunkulu asenzele kona na?

_____

_____

Nembala, uNkulunkulu akadinge thingo lwenkosazana ukuba akhumbule isithembiso Sakhe nesivumelwano. Wayekhuluma ulimi isintu esizoluqonda. Kunalokho, Uthingo lwenkosazana lwenzelwa thina, njengabantu, ukukhumbula isithembiso nesivumelwano sikaNkulunkulu sokungabhubhisi umhlaba futhi ngamanzi. Ngamanye amazwi, Uthingo lwenkosazana lwalungelokusiza abantu bakhumbule lesisivumelwano esikhethekile uNkulunkulu ayesenzile; njalo Uthingo lwenkosazana luvela, abantu bakaNkulunkulu babezokhumbula, hhayi kuphela ukwahlulela kukaNkulunkulu komhlaba ngenxa yesono sawo kodwa futhi nothando Lwakhe lomhlaba nesithembiso Sakhe sokungalethi uzamcolo futhi.

Yingakho, lapha sibona ukubaluleka komqondo wokukhumbula: ukukhumbula izithembiso zikaNkulunkulu, ukukhumbula izixwayiso Zakhe, ukukhumbula izenzo Zakhe emhlabeni.

Uthingo lwenkosazana emkhathini luyabaluleka kakhulu namuhla ngenkathi, ngokuqhubeka kweMithetho yemvelo, ososayensi abaningi belahla umqondo wokuthi kwake kwabakhona uzamcolo womhlaba wonke. Kuyathathekisa ukuthi u-Ellen G. White wabhala ukuthi ngaphambi kokuba uzamcolo uze, abantu abaningi babenomqondo ofanayo wokuqhubeka kweMithetho yemvelo futhi bachitha ukuthi kungase kube khona uzamcolo womhlaba wonke. Wabhala ukuthi izihlakaniphi zaphikisa ngokuthi "imithetho yemvelo isekelwe ngokuqinile noNkulunkulu Uqobo ngeke akwazi ukuyiguqula."—*Patriarchs and Prophet*s, p. 97. Ngakhoke ngaphambi kukaZamcolo, abantu baphikisana, ngokuthi ngokwemithetho yemvelo, wawungeke ubekhona; ngemuva kukaZamcolo, abantu baphikisana, ngokuthi ngokwemithetho yemvelo, awukaze ube khona.

Nakuba kunjalo, uNkulunkulu Ezwini Lakhe wasitshela ngoZamcolo futhi wanikeza izwe uphawu, hhayi kuphela lukaZamcolo, kepha lwesithembiso sokungaphinde awulethe futhi. Ngalokho, uma sikhumbula okuchazwa wuthingo lwenkosazana, singaba nesiqiniseko, esilotshwe emkhathini ngemibala emihle, sokuthi Izwi likaNkulunkulu liqinisekile. Futhi uma singalithemba Izwi Lakhe kulesisithembiso, singelithembe ngani kukho konke asitshela kona na?

Ngokuzayo uma ubona Uthingo lwenkosazana, cabanga ngezithembiso zikaNkulunkulu. Ungafunda kanjani ukuthemba zonke lezozithembiso na?

Mayelana Nezinsuku Ezidlulile

KuDuteronomi 4, sifunda iziyalo ezimangalisayo uJehovah azinikeza abantu Bakhe ngoMose mayelana namalungelo amakhulu abo njengabantu abakhethekile bakaNkulunkulu. Wabahlenga eGibhithe " 'ngezilingo, nangezibonakaliso, nangezimangaliso, nangempi, nangesandla esinamandla, nangengalo eyeluliweyo, nangengebhe enkulu njengakho konke uJehova uNkulunkulu wenu anenzela khona eGibithe phambi kwamehlo enu' " *(Dut. 4:34, NKJV)*. Ngamanye amazwi, uNkulunkulu akanenzalanga nje okukhulu, wakwenza ngezindlela okumele zinisize nikhumbule, futhi ningakhohlwa, izinto ezinkulu anenzele zona.

Funda: uDuteronomi 4:32-39. UJehovah wayethi mabakhumbuleni, futhi kungani kwakusemqoka ukuba bakhumbule lezizinto na?

_____

_____

UMose ukhombe emuva kuwo wonke umlando, nakwindalo uqobo, bese ebabuza, ngobuciko, ukuba kukhona kuwo wonke umlando okwake Kwenziwa njengalokhu okwenzelwe bona. Empeleni, ubatshela ukuba babuze; Okungukuthi, bazifundele ngokwabo futhi babheke uma kukhona okunjengalokho abanamava ako oseke kwenzeka ngaphambilini. Ngokubabuza Imibuzo embalwa, uMose wayezama ukubenza bazibonele ngokwabo lokho uJehovah ayekwenzele bona, futhi ngalokho, ekugcineni, kwakumele babonge kuYena ngezenzo Zakhe ezinamandla empilweni yabo.

Okungumongo walezizenzo kwakungukukhululwa eGibhithe bese futhi, mhlawumbe ngezinye izindlela okumangalisa kakhulu, ngukukhuluma Kwakhe nabo eSinayi, okwenza bezwe "amazwi Akhe ephuma phakathi komlilo."

Funda: uDuteronomi 4:40. Siphetho sini uMose ayefuna abantu basitomule kulamazwi ngalokho uNkulunkulu ayebenzele kona na?

_____

_____

UJehovah akazenzanga zonke lezizinto ngaphandle kwenhloso. Wayehlenge abantu Bakhe, egcina uhlangothi Lwakhe lwesivumelwano ayesisungule nabo. Babekhululiwe eGibhithe, sebezongena Ezweni Lesithembiso. UNkulunkulu wakwenza Okwakhe; manje babebizelwa ekwenzeni olwabo uhlangothi, olwalungukulalela nje kuphela.

Lesisifanekiso silimela kanjani icebo losindiso njengalokhu lethulwa kwiTestamente Elisha na? Yini asenzele yona uJesu, futhi kumele sisabele kanjani kulokhu asenzele kona na? *(buka iSamb. 14:12.)*

Qaphela . . . Hleze Ukhohlwe

Funda: uDuteronomi 4:9, 23. UJehovah ubatshela ukuthi benzeni lapha, futhi kungani lomyalo Ubaluleke kakhulu esizweni na?

_____

_____

Izenzo ezimbili zigqama ekuqaleni kwalezizindimana: “Qaphela” no “khohlwa.” Akushoyo uJehovah lapha kubo ngukuthi: *qaphelani ukuze ningakhohlwa*. Okungukuthi, ningakukhohlwa lokho uJehovah anenzele kona futhi nesivumelwano asenza nani.

Isenzo “Qaphela,” *smr* (esisetshenziswa ngesinye isimo KuDuteronomi 4:9, sahumushwa “zigcineni”), siqhamuka kulo lonke iTestamente Elidala, futhi sisho “ukugcina,” “ukuqapha,” “ukulonda,” noma “ukulinda.” Ngokuthathekisayo, okokuqala siqhamuka Ezibhalweni kungaphambi kwesono, ngenkathi uJehovah etshela uAdamu “ukugcina” insimu ayemnikeze yona *(Gen. 2:15)*.

Manje, nokho, uJehovah utshela abantu, ngamunye (isenzo sisebunyeni), ukuba bazilonde, Hleze bakhohlwe. Lokhu akukona “ukukhohlwa” ngokuthi kungabikho emqondweni (noma ngokuhamba kwesikhathi nakwizizukulwane ezilandelayo) kodwa ikakhulu ngukuba budedengu ngezibopho zabo zesivumelwano. Okungukuthi, kwakumele baqikelele ngokuthi bangobani nokuthi lokho kwakusho ukuthini ngendlela okwakumele baphile ngayo phambi kukaNkulunkulu, phambi kwamanye AmaHeberu, phanbi kwezihambi eziphakathi kwabo, nangaphambi kwezizwe ezibazungezile.

Funda: futhi uDuteronomi 4:9 *(buka futhi uDut. 6:7 no Dut. 11:19)***, kodwa ugxile esigabeni sokugcina, esimayelana nokufundisa abantwana babo nabazukulu. Lokho kwakungabasiza kanjani ukuba bangakhohlwa na?**

_____

_____

Akukona ukuzishaya kukacilo endukwini ukuthi ngemuva kokuba uMose ebatshela ukuba bangakhohlwa, bangavumeli lezizinto “ziphume enhliziyweni yakho,” ubatshela ukuba bazifundise isizukulwane esilandelwayo nesiza emuva kwaso. Abantwana babo babengadingi nje kuphela ukuzwa ngalezizinto, kodwa mhlawumbe Okusemqoka kakhulu, ngokuxoxa lezizindaba zalokho okwenziwe nguNkulunkulu kubo, abantu babengeke bakhohlwe ukuthi kwakuyiziphi lezozinto. Iyiphi indlela engcono yokulonda ulwazi lwalokho uJehovah ayekwenzele abantu Bakhe abakhethekile na?

Ukutshela abanye ngamava akho noJehovah kuyinzuzo kanjani kwabanye, ngaphandle kwakho na? Ukukhumbula ukuhola kukaNkulunkulu kukusize kanjani ukuba Ungakhohlwa ngukuhola Kwakhe na?

Usudlile Wasutha

Omunye owayengumholi webandla, owayesebenze kwi- General Conference of Seventh-day Adventists® iminyaka engu-34, waxoxa indaba ngendlela, eminyakeni eminingi ngaphambilini, yena nomkakhe, sebefike esikhumulweni sezindiza, babelahlekelwe yizimpahla zabo. “Khona lapho,” kusho yena, “ngakwibhande lemithwalo futhi emphakathini, saguqa sakhuleka, sicela uJehovah ukuba kubuye lemithwalo elahlekile.” Wayesethi, eminyakeni eminingi elandelayo, kwenzeka into efanayo: bafika esikhumulweni sezindiza, kodwa Umthwalo othile awufikanga, usesho okwenzeka. “Ungakhathazeki,” esho kumkakhe, “umshwalense uzoyikhokha.”

Nalendaba nemqondweni, funda uDuteronomi 8:7-18. Sixwayiso sini uJehovah asinikeza lapha kubantu Bakhe, futhi kumele sichaze ukuthini kithina namuhla na?

_____

_____

Buka ukuthi ukuthembeka kuJehovah kwakuzobalethelani. Babengezuthola nje izwe elimangalisayo nelinothile, “ ‘izwe lapho uyakudla khona isinkwa kungekho kuswela; awuyikudinga lutho’ ” *(Deut. 8:9, NKJV)*, kodwa babezobusiswa ngokwenezezekile kulelizwe: imihlambi negolide nesiliva nezindlu ezinhle. Okungukuthi, babezonikezwa konke ukuthokomala Kwezinto abazifunayo empilweni.

Kodwa bese? Babezobhekana nengozi njalo ehambisana nengcebo nempumelelo, leyo yokukhohlwa ukuthi kwakunguJehovah kuphela “ ‘okupha amandla okuzuza imfuyo’ ” *(Dut. 8:18, NKJV)*.

Mhlawumbe hhayi ekuqaleni, kepha ngokuhamba kweminyaka futhi sebenako konke ukuthokomala abakudingayo, babezokhohlwa yimuva, bakhohlwe indlela uJehovah ayebahole ngayo “ehlane elikhulu nelesabekayo” *(Dut. 1:19, NKJV)*, futhi, nembala, bese becabanga ukuthi ngukuhlakanipha kwabo namathalente okwenza baphumelela kangaka.

Yilokhu impela ke uJehovah ayebaxwayisa ngako (futhi ngeshwa, ikakhulu lapho ufunda kubaprofethi abalandelayo, yilokhu kanye okwenzeka kubo).

Ngalokho, phakathi kwalempumelelo, uMose ubatshela ukuba bakhumbule ukuthi nguJehovah kuphela owayebenzele lokhu futhi bangakhohliswa yisibusiso zemphahla ayebanikeze zona. Emakhulwini eminyaka elandelayo, uJesu waxwayisa, kumzekeliso womhlwanyeli, mayelana “nokukhohlisa kwengcebo” *(Marko 4:19)*.

Nakuba singaba nemali nezimpahla ezingakanani lapha, sonke siyinyama negazi elilindele umgodi emhlabathini. Lokho kumele kusitsheleni mayelana nezingozi eziza nengcebo, ngokuthi ingcebo ingasenza sikhohlwe isidingo sethu saLowo kuphela ongasihlenga kulowomgodi emhlabathini na?

Khumbula Wawuyisigqila

Funda: uDuteronomi 5:15; Duteronomi 6:12; Duteronomi 15:15; Duteronomi 16:3, 12; no Duteronomi 24:18, 22. Yikuphi okuqondile uJehovah ayefuna bangakukhohlwa futhi kungani na?

_____

_____

Njengoba sesibonile, kulo lonke iTestamente Elidala, njalo uJehovah wakhumbuza abantu ngoFuduko, ukuhlengwa kwabo okumangalisayo, nguNkulunkulu, eGibhithe. Kuze kube namuhla, iminyaka eyizinkulungwane kamuva, ababambe Inkolo yamaJuda bagubha Iphasika, isikhumbuzo salokho uNkulunkulu akwenzele bona. "Kuyakuthi lapho senifike ezweni uJehova azakuninika lona njengesithembiso sakhe, niyakugcina inkonzo yakhe. Kuyakuthi nxa abantwana benu besho kini, bethi: 'Iyini le nkonzo kini na?' nithi: 'Kungumhlatshelo wephasika likaJehova owadlula kuzo izindlu zabantwana bakwa-Israyeli mhla ebulala abaseGibithe, ezokhulula izindlu zethu.' " Abantu bakhothama, bakhuleka' " *(Eksod. 12:25–27, NKJV)*.

Kwibandla namuhla, Iphasika liwuphawu lokuhlengwa esikunikeziwe kuKristu: "Ngokuba nelethu iphasika lihlatshiwe, elinguKristu" *(1 Kor. 5:7, NKJV)*.

Funda: abase-Efesu 2:8-13. Lamakholwa abeZizwe atshelwa ukuba akhumbule ini na? Lokhu kuhambisana kanjani nalokho AmaHeberu ayetshelwe ukuba akukhumbule kuDuteronomi na?

_____

_____

UPawule wayefuna lababantu bakhumbule lokho uNkulunkulu ayebenzele kona kuKrsitu, lokho ayebahlenge kukho, nalokho ababenakho manje ngenxa yomusa kaNkulunkulu kubo. Njengakubantwana bakwaIsrayeli, kwakungekho kubo futhi ngokwabo ukufaneleka kuNkulunkulu. Kunalokho, kwakungumusa kuphela kaNkulunkulu, onikezwe kubo, nakuba babe "yizihambi esivumelwaneni zesithembiso," okwabenz babeyilokho ababeyikho kuKristu Jesu.

Noma ngamaJuda ehlane, ngamaKristu e-Efesu, noma ama-Seventh-day Adventist noma yikuphi emhlabeni, kubucayi kakhulu ukuba sikhumbule njalo, singakhohlwa, lokho uNkulunkulu asenzele kona kuKristu. Akumangalisi, nokho, ukuthi sinalamazwi: "Bekuyoba kuhle kithina ukuba sichithe ihora lokuzindla usuku ngalunye sicabanga ngempilo kaKristu. Kumele siyithathe iphuzu ngephuzu, sivumele Umcabango ubambe umbono ngamunye, ikakhulu eyesikhathi sokugcina. Kuyothi lapho sigxila emhlatshelweni Wakhe omkhulu ngathi, iqholo lethu kuYena liyoqhubeka njalo, uthando lwethu luvukuzwe, futhi sigcwaliswe kakhulu ngomoya Wakhe."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 83.

Ukucabanga Kabanzi: “Kukhulu ukuzehlisa kukaNkulunkulu kanye nozwelo Lwakhe ngezidalwa Zakhe ezilahlekile ngokubuka Uthingo lwenkosazana oluhle emafwini njengophawu lwesivumelwano Sakhe nabantu! UJehovah umemezela ukuthi lapho ebuka Uthingo lwenkosazana, uyokhumbula isivumelwano Sakhe. Lokhu akuchazi ukuthi wayezokhohlwa; kodwa ukhuluma ngolimi lwethu, ukuze simqonde Yena kangcono. Kwakuyinhloso kaNkulunkulu ukuthi njengabantwana Bakhe bezizukulwane zakamuva sibuze incazelo yaloluphawu oluhle emkhathini, abazali babo baxoxe indaba kaZamcolo, futhi babatshele ukuthi Ophezu konke walwenza walubeka emafini njengesiqiniseko sokuthi amanzi awasayikuphinde engamele umhlaba futhi. Ngalokho kwisizukulwane ngasinye lwaluzofakaza ngothando lukaNkulunkulu kubantu futhi luqinise iqholo kuNkulunkulu.”—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, pp. 106, 107.

Kusukela ekusungulweni kobuKristu, alikho ibandla elibe nesabelo kwingcebo nokuthokomala njengebandla lanamuhla kwamanye amazwe. Umbuzo uthi, *Ngayiphi intengo na?* Ukunotha okunje kunethonya kwezikamoya zethu—hhayi ngobuhle futhi. Bekungenzeka kanjani lokho na? Kusukela nini ingcebo Nokwanda kwayo kwake kwakhuthaza izimpawu zobuKristu njengokuzidela, nokuzinikela na? Ezikhathini eziningi, okuphikisaya kuyenzeka: lapho abantu beba nokuningi, lapho bengadinge lutho, kuyancipha Ukuncika kwabo kuNkulunkulu. Ingcebo nempumelelo, noma kukuhle kangakanani, kuza nezihibe eziningi eziyingozi kwezikamoya.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Xoxani ngodaba lwengcebo nangendlela ethinta ngayo ezikamoya zethu. Yiziphi izindlela labo “abanemali” abangazivikela ngayo kwezinye zezingozi ezingadalwa yingcebo na?

❷ Eklasini khulumani ngezigameko zokugcina zempilo kaKristu futhi nokuthi zisitshelani ngothando lukaNkulunkulu ngathi nesizathu sokungamele sikhohlwe ngeqiniso lalolothando. Yiziphi ezinye izinto ongazicabanga ezembula ukulunga kukaNkulunkulu, futhi kungani kumele sikhumbule leliqiniso njalo na?

❸ Nakuba abanye ososayensi bethi akuzange kube noZamcolo womhlaba wonke, noma iBhayibheli lithi wawukhona (kanye nothingo lwenkosazana), abanye bathi akukho ukudala ngezinsuku eziyisithupha, noma kusho iBhayibheli (kanye neSabatha losuku lwesikhombisa ukugubha indalo). Lokhu kumele kusitsheleni ngamandla, nokuphika kanye nomthelela wesiko okholweni na?